Isifundo 1

**Zibandlela 30 – Masingana 5*

Ithonya Lokuthanda Okwasezweni

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
1 Johane 2:16, 17; Luka 14:26-33; 12:15-21; Duter. 8:10-14; 1 Thim. 6:10; Johane 15:5; Gal. 2:20.

Indimana Yekhanda:
"Ningalingisi lelizwe, kodwa niguqulwe isimo ngokwenziwa ibe ntsha ingqondo yenu, ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle,nokuthandekayo, nokupheleleyo (KwabaseRoma 12:2).

Izwi likaNkulunkulu litshela abantu baKhe ukuba "bangalingisi lelizwe" (Roma 12:2), kodwa ukuheha kwezinto zasezweni, ukuhahela ngendlela eyeqile ukuceba nalokho esicabanga ukuthi kungalethwa ukuceba, kunamandla. Bambalwa kakhulu abantu, noma izicebi noma izimpofana, abangathinteki ngokuthanda izwe. Lokhu kuhlanganisa namaKrestu imbala.

Akulona icala ukuceba, nokusebenza ngokuzikhandla ukuze uqhubekele phambili, ukwazi ukuzihlinzekela wena nabathandiweyo bakho ngempilo entofontofo. Kodwa uma imali, nokusukela imali, sekuyiyo yonke into empilweni, sesibanjwe ogibeni lukaSathane; sesilingisa lelizwe. Izwe linikeza umqondo wokuthi ukuphila kahle, inala, kutholakala kuphela ngemali. Kodwa imali yihlathi uSathane acasha ngalo ukuze athole ukwethembeka kwethu. Ukuthanda izwe esinye sezikhali zikaSathane zekhethelo ekulweni namaKrestu. Vele phela, ubani ongayithandi imali nezinto imali esitholela zona khona manje? Umgomo wayo omkhulukazi, ukweneliseka ngaso leso sikhathi, kodwa ekugcineni ayikwazi ukuhlangabezana nezidingo zethu ezijulile.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha, likaMasingana 6.*

Unkulunkulu Walelizwe

Imali seyiphenduke unkulunkulu walelizwe, kanti ukuthanda izwe yinkolo yalo. Ukuthanda izwe yindlela ehloniphekile nedukisayo enikeza ukukhululeka kwesikhashana, kodwa hhayi uzinzo oluhlala njalo. Uthando lwezwe njengoba siluchaza lapha, yilapho ukufisa ingcebo nempahla kubaluleka kakhulu futhi kube yigugu kunokuqondene nomphefumulo. Impahla ingaba yigugu, kodwa ubugugu bayo abungasithumbi: "Lowo othanda imali akayikusutha ngemali" (Umshumayeli 5:10). Ileyoke inkinga ngokufisa izinto zasezweni: noma ngabe sithola malini, akwenelisi; sizamela okungaphezudlwana kulokho okungasoze kusenelise. Lolo gibe!

Funda ku 1 Johane 2:16, 17. Zisitshelani lezindimana maqondana nezinto ezibaluleke ngempela?

_____

_____

Funda kuLuka 14:26-33. Usitshelani lapha uJesu na? Futhi yini ebaluleke ngaphezu kwezinto zonke kumKrestu na?

_____

Mhlawumbe singayibeka kanje lento: kulabo imali noma ukufisa imali okuyiyona-nto engu-ngqa phambili, kudingeka babhekisise imiphumela. "Kuyakumsizani umuntu uma ezuza izwe lonke, kodwa alahlekelwe ukuphila kwakhe na?" (Marko 8:36).

Ngesikhathi uKrestu esemhlabeni, abantu babebonakala becwila ngokushesha. Ngisho nezisekelo zomphakathi uqobo, zazishabalala. Ukuphila kwase kugcwele ukukhohlisa nokuzenzisa…Emhlabeni wonke zonke izinhlelo zenkolo zase zilahlekelwa amandla phezu kwezingqondo nemiphefumulo. Abantu sebekhathele yizinganekwane namanga, befuna ukucima ukucabanga, baphendukela ekungathembekini nase kuthandeni izwe. Ngokuthi bakhiphe izinto zaphakade emiqondweni, baphilela isikhathi samanje kuphela."—Ellen G. White, *Education*, amakhasi 74, 75.

Ubani ongafuni ukuba nezinto? Nanku umbuzo: Singazi kanjani ukuthi lezinto esinazo, noma zingeziningi nje, yizona ezisiphethe? Ubani kuphela okufanele asiphathe, futhi singaqiniseka kanjani ukuthi usiphethe?

_____

_____

Ukugcwalisa Izinqolobane

Funda kuLuka 12:15 – 21. Yimuphi umyalezo wethu lapha? Lomthetho ungenabela kanjani nasemntwini ongacebile?

Noma ngabe sicebile noma simpofu, ukuhahela kwethu kokuba nezinto kungasusa izingqondo zethu kulokho okubaluleke ngempela, esikhundleni salokho zigxile kulokho kwasezweni, okudlulayo, nokungafanele ukuthi size silahlekelwe ukuphila okuphakade ngenxa yakho. Singeguqe phambi kwesithixo segolide noma sesiliva sisikhonze namhlanje. Kodwa sisengaba sengozini yokukhonza igolide nesiliva ngesinye isimo. Lomfanekiso unjalo ezindaweni eziningi emhlabeni, lapho abantu bechitha cisho yonke impilo yabo benqwabela impahla. Abanikazi bezitolo sebephendule ukudayisa kwaba yindlela ethile yobuchwepheshe emhlabeni wonke. Konke ukukhangisa kwabo kwakhelwe phezu komqondo wokusenza sicabange ukuthi ngeke sibe nokujabula nokwaneliseka ngaphandle kokuthi sithole lokho abakudayisayo. Enye inkampani enempumelelo enkulu yakha ukhiqizo, yenza ukuthi sicabange ukuthi siyawudinga, yase isithengisela wona. Iqiniso lithi: lelo qhinga lasebenza! Ngisho namaKrestu, othemba lawo akusilo elalomhlaba, awaphephile kulenkohliso.

Funda kuDuteronomi 8:10-14. Yiziphi izindlela ilungu lebandla noma yiliphi, elingaba sengozini ngayo kulengozi esixwayiswa ngayo lapha na?

Yiziphi izibonelo ongazithola, kumbe eBhayibhelini noma emhlabeni namhlanje, lapho ukunqwabela umcebo nempahla yasezweni kwakhulisa ukukholwa komuntu, uthando lukaNkulunkulu, nokulangazelela okwazezulwini nokwasenkolweni? Abelana neklasi ngempendulo yakho.

Ukuheha Kwezinto Zezwe

Umsebenzi wokukhangisa unegalelo elikhulu. Izinkampani zichitha izigidi zikhangisa ngemikhiqizo yazo. Cisho njalo-nje, zisebenzisa abantu ababukeka kahle ukukhangisa lokho ezikuthengisayo. Uma sibuka leso sikhangiso, sizibona thina, kungekona kuphela ukuthi sesinawo lowo mkhiqizo, kodwa sizibona sesifana nabantu abasesikhangisweni. Ukuthanda izwe bekungeke kube nempumelelo engaka ukuba bekungesiko ukufaka imizwa ezikhangisweni ngendlela ecashile (ngesinye isikhathi esobala). Kuyisu lokukhangisa elinamandla kunawo wonke, kodwa lisebenza njengobuthi kumaKrestu asemzabalazweni wokulwa nothando lwezwe njengabaningi phakathi kwethu.

Funda kuMathewu 6:22-24. Limeleni iso ngokomcabango wobuKrestu nezenzo? Thina njengamaKrestu sifanele sisabele kanjani emifanekisweni esiyenga ngezindlela eziphansi ukuba sithenge lokho esingakudingi ngempela?

_____

_____

_____

Ukukhangisa okuhambisana nemizwa emikhiqizweni yabathengisi kungaba yithuluzi elinamandla. Abanikazi zitolo bathengisa impahla yabo ngokwakha ukuthatheka ezingqondweni zabathengi. Yinto esuka emqondweni-nje leyo, kodwa iyasebenza. Isebenza njengomlingo, ibeke abantu endaweni efana nelinye izinga lokuphila, noma kunga okwesikhashana nje. Kuphenduka inkolo eyinkohliso enganikezi lwazi noma amaqiniso enkolo, kodwa ngalowo mzuzu, inokuheha kangangoba abantu abaningi abakwazi ukumelana nako. Siyayifuna, futhi sibona ukuthi kufanelekile ukuthi sibe nayo, pho asiyitholi ngani? UNkulunkulu yedwa owazi izizumbulu ezichithiwe nezisazochithwa ezintweni abakhangisi abasitshela ukuthi siyazidinga.

"Ngakhoke ngithi: Hambani ngokukaMoya, ukuze ningafezi izinkanuko zenyama" (Gal. 5:16). Nakuba sivame ukucabanga ngezinkanuko zenyama njengezocansi kuphela, yiziphi ezinye izindlela esingaba sengozini ngazo zokufeza lezinkanuko?

_____

_____

Ukuzithanda

"Ngokuba ngomusa engiwuphiweyo ngisho kulowo nalowo phakathi kwenu ukuthi angacabangi athi mkhulu kunalokho afanele ukukucabanga, kodwa acabange kube ngukuqonda, njengalokho uNkulunkulu abele lowo nalowo isilinganiso sokukholwa" "Rom. 12:3).

UNkulunkulu wathi: 'Inhliziyo yakho yakhukhumala ngobuhle bakho, wonakalisa ukuhlakanipha kwakho ngokukhazimula kwakho'" (Hezekeli 28:17). ULusifa wazikhohlisa, ecabanga ukuthi mkhulu kunalokho ayeyikho ngempela. Ngesikhathi ethi enhliziyweni yakhe: " 'Ngiyakuzenza ngibe ngangoPhezukonke' " (Isaya 14:14), watshengisa isifiso sokuvelela, ezifunela amalungelo angenawo. Ukuzikhohlisa nokufisa ukuvelela yizimpawu ezimbili zenhliziyo kaLusifa ewele esonweni. Lezindimana ezikhuluma ngokuwa kukaLusifa kumelwe zisitshele ukuthi, ngezindlela eziningi, isono sokuqala yileso sokuzicabangela, esichazwe kwesinye isichazi mazwi ngokuthi "ukuzinaka ngokweqile; ukuzithanda, ukuziqhenya." Yiziphi izimpawu nakumuphi umuntu wesono, ezibonakalisa ukuzikhohlisa ezingaphezu kwalezi na? Nokho lezimpawu zivame ngaphezu kokucabanga kwethu. UNebukhadnezari ngokuziqhenya, wacabanga ukuthi mkhulu kunalokho ayeyikho (Dan. 4:30). AbaFarisi nabo bafunda ukukholwa yilokhu kuzikhohlisa (bheka kuLuka 18:11, 12). Ingcebo nayo ingaholela kulokhu kuzikhohlisa uma singaqaphele.

Funda ku 1 Themothewu 6:10. Iyiphi lengozi uPawulu axwayisa ngayo lapha?

_____

_____

_____

UPawulu uyala uThimothewu ukuba axwaye izinhlobo eziningi zabantu ababi (2 Thim. 3:1-5), okuhlanganisa "abathanda imali." Loluthando lwemali lungakhuthaza ukuzethemba ngokweqile nomcabango wokuzitshela, uzibone ubalulekile. Lokhu kungenxa yokuthi ukuthanda izwe kunika abantu abanempahla eningi umcabango wokuzikhukhumeza. Kulula-ke ukuthi uma umuntu enemali eningi, azicabangele ngokungaphezu kokufanele. Angithi phela wonke umuntu ufuna ukuceba, kodwa bambalwa kakhulu abaphumelelayo. Ngakhoke, kulula ukuthi izicebi zizinake zona, ziziphakamise, ziziqhayise.

Funda kwabaseFilipi 2:3. Lendimana isisiza kanjani ukuthi siqonde ukuthi kungani ukuthanda izwe, nendlela okulawula ngayo isimo somqondo, kumelene kangaka nomgomo wobuKrestu na?

_____

Ubuze Bokugcina Bokuthanda Izwe

Kunabantu abaningi abathanda uNkulunkulu. Izimpilo zabo zihlangene neyaKhe ngendlela izinto zasezweni ezingeke zibehlukanise.

Funda kuDuteronomi 7:6, 1 Petru 2:9, Johane 15:5, nabaseGalathiya 2:20. Kusho ukuthini ukuba noNkulunkulu njengomnikazi wakho, futhi sikutholaphi ukuthi singobani na?

UNkulunkulu uthi: " 'Mina ngingumvini, nina ningamagatsha…ngaphandle kwaMi ningenze lutho' " (John 15:5). Ukuxhumana kuqonde ngqo, futhi kuqinile. "Konke ukulalela kwangempela kuvela enhliziyweni. Kwakuwumsebenzi wenhliziyo owenziwa uKrestu. Futhi uma sivuma, uzozihlanganisa nemicabango yethu nezinhloso zethu, ahlanganise izinhliziyo zethu nezingqondo zethu ukuze zihambisane nentando yaKhe, kangangoba ngokuhlonipha Yena, sizobe senza lokho okuhambisana nemizwa yethu vele."—Ellen G. white, *The Desire of Ages,* ikhasi 668.

Ngakolunye uhlangothi, ukuthanda izwe kusenza sibandakanyeke nezinto esinazo. Ngamanye amazwi, sifuna ukwaziwa ngezinto esinazo nalokho esingakuthenga. UJakobe uyasixwayisa ngalokhu, athi: "Igolide lenu nesiliva kugwalile, nokugwala kwakho kuyakuba ngufakazi ngakini, kudle inyama yenu njengomlilo . Niqongelele ingcebo ezinsukwini zokuphela" (Jakobe 5:3). "Ukuqongelela kusho ukubutha nokugcina ingcebo eningi; okubaluleke kakhulu, kukuleyo ngcebo eningi noma encane, lapho abaningi bebopheleleke khona (Luka 12:19 -21).

Ukuthanda izwe kuletha ukudideka ngokuzazi ukuthi ungubani. Lokhu kusho ukuthi kwabaningi bethu, ubuthina buxubene nempahla yethu. Impahla yethu iphenduka unkulunkulu wethu (Mathewu 6:19 -21). Omunye wake wathi: "Angilutho ngaphandle kwempahla yami." Kuyadabukisa ukuthi sizazi kuphela ngezinto esinazo emhlabeni. Leyo indlela engajulile, edlulayo neyogcina iyize yokuphila, kakhulukazi kumuntu ozibiza ngokuthi ungumKrestu. Ngabe sizihlanganisa noNkulunkulu noma nezinto esinazo na? Ekugcineni, kuyokuba yilokhu noma yilokhuya.

Bungakanani ubuwena obuhlangene nezinto onazo?

Ukujula Nomcabango: Isitha sithenga imiphefumulo namhlanje ngentengo ephansi kakhulu. 'Nizithengise ngeze,' kusho iMibhalo. Othile uthengisa ngomphefumulo wakhe ngenxa yodumo lomhlaba, omunye ngenxa yemali; omunye ukwanelisa izinkanuko, omunye ngenxa yokutamasa. Lendali yenzeka nsuku zonke. USathane uthenga labo abathengwa ngegazi likaKrestu, futhi ubathenga beshibhile, kungakhathaleki ukuthi bahlawulelwa ngenani elingenakulinganiswa ukuze basindiswe."—Ellen G. White, *Testimonies for the Church*, vol. 5, p. 133. Ukuthenga imiphefumulo ngezinto zasezweni, iwona mgomo kaSathane, kanti lobucebi obukhohlisayo bunewozawoza kuzo zonke izinhliziyo. Uthando lwezwe alukhulumi, kodwa lwazi zonke izilimi. Luyakwazi ukuletha ukungcebeleka nokutamasa kwabacebile nabampofu, lubenze bathi: "Nginakho konke engikudingayo lapha; ngizihluphelani ngokunye?" Ngaleyo ndlela ukuthanda izwe konakalisa ingqondo; kwenza abantu bathembele kolokho abanakho esikhundleni sokwethemba uNkulunkulu. Nokho, likhona ikhambi: " 'Kungabi ngempi, kungabi ngamandla, kepha kube ngomoya wami kuphela,' usho uJehova Sebawoti´(Zakariya 4:6). Ukuthanda izwe akukwazi ukumelana nokulawula kukaMoya oNgcwele uma sizinikela kuNkulunkulu, sizimisele ngomusa waKhe ukungaluvumeli uthando lwezwe lubuse izimpilo zethu.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yiziphi izindlela okungathi ngazo noma simpofu noma asinazimpahla eziningi, sibambeke ezingozini esike safunda ngazo kuleliviki na?

2. Abanye abantu bathi: "Anginandaba nemali. Imali ayisho lutho kimina." (Kuvamile ukuthi labo abakhuluma kanjalo banezizumbulu vele.) Kungani izikhathi eziningi kungelona nakancane iqiniso lokho? Zibalulekile ezezimali; zinendawo empilweni yethu. Umbuzo nanku: Singenza kanjani ukubeka imali nokuyidinga kwethu endaweni eyifanele ngokweBhayibheli?

3. "Ningazibekeleli ingcebo yenu emhlabeni, lapho kunenundu nokugqwala, nalapho amasela efohla khona ebe…kepha zibekeleleni ingcebo ezulwini, lapho kungonakalisi khona inundu nokugqwala, nalapho amasela engafohli khona, ebe. Ngokuba lapho kukhona ingcebo yakho nenhliziyo yakho iyakuba khona lapho" (Mathewu 6:19 – 21). Fundisisa kahle ukuthi uthini kithina uJesu lapha. Yindlela enamandla amakhulu kanjani lena yokuthi sizivikele ezingozini zokuthanda izwe?